

IMPI PHAKATHI KOLWAZI OLUNGELONA IQINISO NOLWAZI OLUYINKOHLISO OLUDOKOTELWE NGOBUCHWEPHESHE



UNGAKHOHLISWA!
VOTA NGOBUHLAKANI,
YILWA NOKUFAFAZWA
KOLWAZI OLUYINKOHLI-
SO NGOKHETHO



VIKELA IVOTI LAKHO

Ulwazi olungelona iqiniso:

Ulwazi olungamanga noma olunganembile mayelana nokhetho lusakazwa kungahlosiwe.

Ulwazi Oluyinkohliso:

Ulwazi olungamanga ngokhetho, olusatshalaliswa ngamabomu ukuze ludukise abavoti.



UKUSABALALA NJENGOMLILO WASENDLE

- Okusatshalaliswa ezinkundleni zokuxhumana
- Ama-app Okuthumelana imiyalezo
- Izihloko Eziyihaba Ukuze Zihehe Abafundi
- Amavidyo adokoteliwe nezithombe zabangenele ukhetho




KUNGANI KUBALULEKILE?

- Kubukela phansi inqubo yohlelo lokhetho
- Kunqikazise abavoti ngolwazi olungamanga

- Kudale ukudideka futhi kuthunaze ukuzimisela ukubamba iqhaza

UKUKWAZI UKUBONA IZINDABA EZINGAMANGA: UHLAKA LWE-I-FAKT



Phenyisia Umthombo

- Ngabe yinlangano yezindaba eyaziwayo?
- Hlola amaphutha esipelingi kanye namadizayini akhombisa ukungahleleki.

Hlolisa Ulwazi

- Izihloko zezindaba ezinehaba ezinezimpawu zokubhala ezeqile?
- Amaqiniso asekelwa ubufakazi obuthembekile?
- Qaphela indlela yokubhala efuna ukuthinta imizwa kanye nezinkolelo ezingamaphutha kodwa ezikholaalayo.

Ungabi Ngokhohliseka Kalula Ngabezindaba

- Hlolisa uqhathanise ulwazi nemithombo yezindaba eyethembekile (News24, Daily Maverick, SABC News).
- Sebenzisa amawebhusayithi okuhlola izindaba eziyiqiniso afana ne-Africa Check.



• Cabanga Ngokujulile

- Cabanga ngokwakho ukuchema.
- Buza ngenjongo nenhloso yalolu lwazi.
- Bheka ezinye izincazeloz ezingaba khona.

• Thuthukisa Imikhuba Enempilo

- Xoxa nabanye ngolwazi ukuze uhlole ukwethembeka kwalo.
- Ungadlulisi izindaba ezingaqinisekisiwe!
- Hlala unolwazi mayelana nokwenzekayo kwezokuphepha ku-inthanethi.

Ubona udaba olubhalwe ezinkundleni zezokuxhumana oluhamba nevidiyo yomuntu ongenele ukheth ethula inkulumo ongakaze uyizwe ngaphambilini. Kuvidiyo, uthi useyahoxa okhethweni futhi akhuthaze ukuba kuvotelwe imbangi yakhe. Kubonakala kusolisa... Sebenzisa Uhlaka Iwe-i-Fakt!



1. Phenyisisa Umthombo:

Ubani othumele ividiyo? Ingabe yinhlangano yezindaba eyaziwayo noma iakhawunti nje engaziwa enabalandeli abambalwa?

2. Hlolisia Ulwazi: Ingabe inkulumo yomholi lowo nendlela anyakaza ngayo ibonakala ijwayelekile? Bheka ukuthi akukho ukucwayiza okungajwayelekile, ukunyakaza kwekhanda okungavamile, noma ukubukeka sengathi kunezindawo ezingacacile ebusweni bomholi lowo. Ingabe umsindo ucacile futhi uhambisana nokunyakaza kwezindebe?

3. Ungabi Ngokohliseka Kalula

Ngabezindaba: Cinga izindatshana zezindaba noma izitativende ezisemthethweni ezivela kumholi lowo mayelana nokuhoxa okhethweni. Hlola amakhasi ezinkundla zokuxhumana ezisemthethweni zomholi lowo ukuze uthole noma yiziphi izimemezelo ezenziwe.

4. Cabanga Ngokujulile:

Cabanga ngesikhathi kanye nokuthi ubani ozozua ngalolu lwazi. Ingabe kuzomhlomulisa umholi lo?

KHUMBULA: Ulwazi Oluyinkohliso Oludokotelwe Ngobuchwepheshe lungabonakala lukholakala ngempela, ngakho-ke qaphela kakhulu amavidiyo abonakala engesiyona indlela yokuziphatha ejwayelekile yaabaholi ngesikhathi sokhetho.

